



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2017

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-22.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bhaka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A: Inoveli	(35)
ISIQEPHU B: Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C: Izindaba ezimfushane	(35)
ISIQEPHU D: Izinkondlo	(35)
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.

ISIQEPHU A: INOVELI
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfushane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO
Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 ESIQESHINI NGASINYE.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	5
2. <i>Umshado</i>	35	7
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
3. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	10
4. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	13
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.		
5.1 'USihawu Nesihawu'	17	17
5.2 'Imfihlo Kamakoti'	18	18
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.		
6.1 'Ngingoweliba'	17	20
6.2 'Ngiyafisa Ukuba Qotho'	18	21

UHLU LOKUBHEKA IMIBUZO EKHETHIWE ('CHECKLIST'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE (✓)
A: INOVELI	1–2	1	
NOMA			
B: UMDLALO	3–4	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	5	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	6	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendula imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI**UMBULO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Abantu abakhuthele kule ndawo balime amathantalala amasimu yize kwezinye izindawo kugcwele amatshe. Into eyayithanda ukuba yinkinga amanzi. Imifula emincane ivamise ukusha ehlobo amanzi agujwe phansi esihlabathini noma eziphethwini, yingakho nje uma kutshalwa kufanele kube ukudla okungadingi ukuniselwa njengombila, amabele, imfe, nokunye. Yinhle indawo yaseMachunwini. Abantu bakhona bayahlonipha kakhulu, kanti abathintwa uma usubachukuluzile. Isizwe saMachunu sibuswa inkosi uSimakade ozalwa nguMzochithwayo kaSilwane, kaGabangaye, kaPhakade kaMacingwane Mchunu. 5

UManyoba wakhula ngesikhathi senkosi uMtshudi ongasekho; owayeyibamba lenkosi uSimakade ngemuva kokubusa kwenkosi uMzochithwayo. Ngamanye amazwi wakhula noSimakade ngoba bacishe babe wontanga. Inkosi uSimakade iyona nkosi eyaqeda izimpi phakathi kwaMachunu naBathembu ezazilwa kakhulu, ikakhulukazi ngesikhathi sebamba lenkosi uMtshudi okubalwa phakathi kwezinye, impi yakwaNgongolo. 10

Lokhu inkosi yakwenza ngokuthi ithathe intombi yenkosi yaseBathenjini yayenza umndlunkulu waseMachunwini. Ubani owayengahlasela isizwe lapho kugane ingane yakhe na? Kuze kube manje aMachunu naBaThembu **ngamathe nolimi**. USimakade enye yamakhosi okuqala eyaba nomshushisi oneziqu zaseNyuvesi emakhosini aholwa nguNdunankulu waKwaZulu, inkosi uMangosuthu Gatsha Buthelezi, ngaphansi kwesilo samabandla, uGoodwill Zwelithini Zulu. Lo mshushisi wayekhokhelwa yisizwe. Lokhu kwakukhombisa obukhulu ubuhlakani ebukhosini baMachunu. 15 20

- 1.1 Bhala izinhlobo EZIMBILI zokudla ezivamise ukutshalwa ngabantu bakulesi sizwe okuxoxwa ngaso kulesi siqephu esingenhla. (2)
- 1.2 Ngokwalesi siqephu ngabe yini eyenza ukuthi amanzi abe yinkinga kule ndawo? (1)
- 1.3 Bhala igama lenkosi eyaba ngeyokuqala ukuba nomshushisi owayeneziqu zaseNyuvesi ngesikhathi ibusa kule ndawo. (1)
- 1.4 Tomula ibinzana lamagama elisitshela ukuthi abantu bendawo yasemaChunwini babenamasimu amakhulu. (2)
- 1.5 Chaza ukuthi inkosi uSimakade yakukhombisa kanjani ukukhuthaza ukuthi amacala athethwe ngendlela efanele endaweni yayo. (2)
- 1.6 Yini eyenza ukuthi uManyoba ashiye endaweni yangakubo ahambe ayofuna umsebenzi eGoli? Bhala iphuzo ELILODWA. (2)

1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lesi simo sokukhuluma esithi, 'Kuze kube manje aMachunu naBathembu **ngamathe nolimi**' sisho ...

- A ukubukelana phansi.
- B ukuthandana kakhulu.
- C ukuzondana kakhulu.
- D ukuhlebana njalo.

(1)

1.8 Hlobo luni lwesifengo oluqokethwe umusho olandelayo?

UManyoba wakhula ngesikhathi senkosi uMtshudi **ongasekho**.

(2)

1.9 Nikeza amaphuzu AMATHATHU afakazela ukuthi le ndaba inesingeniso esifanele.

(3)

1.10 Kwasisiza kanjani isizwe ukuganwa kwenkosi yamaChunu uSimakade yintombi yakwaMthembu?

(2)

1.11 Inkosi uMtshudi ivezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana?

(2)

KANYE

ISIQESHANA B

'Impela ukuhamba kuzala induna, uthi ngangazi ukuthi ngoke ngikhulume insumansumane enjengekaNtombela empilweni yami? Ngabe yiwo yini lamagwababa engangithi ngiyoyixoxela wona na?'

Waba ukubuya nje, wonke umuntu wahlala wavula izindlebe wena owabona izingane zilalele inganekwane ixoxwa ugogo zizungeze iziko. 'Ngangithi ngeke ngiyixoxe nakancane le ndaba ngisho nakaMadala Ejudeni, kodwa-ke ngoba nicela ukuba nginixoxele kulungile. UNtombela sasisebenza naye emshinini munye ngingakabi iyona induna. Kwakuyindoda engangiyethemba kakhulu. Ngangiyivakashela ngisho nasemzini wayo ngezinye izimpelasonto. Umkakhe naye ngangimazi kakhulu.

5

10

Indaba isivela ngesikhathi eseshonile sekufanele angcwatshwe. Akekho owayazi ukuthi uNtombela unomunye umfazi emakhaya le eXobho. Sabona sekutheleka umama ehamba nabafana abathathu asebekhulile impela. Akekho owabuza ukuthi obani laba ngoba izinsizwa zazibonakala ukuthi ezaphi. Uyakhala umama lo. Izinsizwa zidinwe zigana unwabu. Yavela inkathazo lapho izingane sezithi zilande isidumbu sikababa wazo. Kwatshelwa umkakhe lo ohlezi etshalini.

15

Wavuka indlobane. **Washaya phansi ngonyawo** wathi umkhwenyane wakhe akayi ndawo. 'Bavelaphi bona laba bantu angakaze ababone esaphila uNtombela na? UNtombela akakaze athi unomunye umfazi emakhaya.' 'Baba! Kanti yena lo mkakhe wasedolobheni wayengakaze yini avakashele kubo kandoda yakhe na? Kubuza uMaNdlovu ngokukhulu ukumangala lokhu. 'Kubukeka sengathi wayengakaze alubeke unyawo lwakhe emakhaya. Lokhu kwaba sobala ngoba babengazani, ubona nje ukuthi babonana okokuqala ngqa.'

20

- 1.12 Ucabanga ukuthi usifakeleni umbhali isigameko sikaNtombela endabeni yakhe? (2)
- 1.13 Chaza isimo sokukhuluma njengoba sisetshenziwe endabeni:
Washaya phansi ngonyawo wathi umkhwenyane wakhe akayi ndawo. (2)
- 1.14 Nikeza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa: uNtombela noManyoba, okwenza ukuba bagcine sebengabangani. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.15 Chaza ngembangela/isizathu sodweshu phakathi kukaMaNgubane noMaNgcobo ngosuku lomngcwabo. (2)
- 1.16 Ucabanga ukuthi yini okwakumele yenziwe nguNtombela uma efuna ukuthatha umfazi wesibili? (2)
- 1.17 UMaNdlovu wayeyinkosikazi eqotho eyakwazi ukuphatha umuzi wayo kahle ngesikhathi uManyoba esebenza eGoli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.18 Ukuba wena wawunguMirriam wawungakwamukela yini ukuthi ubaba wakho afundise izingane zakhe zabafana wena akuyeke? Sekela impendulo yakho. (2)

[35]**UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Wethuka esefikile lapho okulindwa khona izinto zokuhamba uBhekani. Umqondo wakhe ugcewele imicabango engapheli. Akukho nokuncane ukujabula emphefumulweni wakhe. Iphupho namanje usengalixoxa ukusuka nokuhlala. Akawanaki vele amaphupho, futhi akafuni nazincazelo zawo kodwa leli lanamuhla **linomkhuba phakathi**.

5

Okuxaka kakhulu-ke futhi ukuthi nonina uphuphe lona leli phupho. Ame athule du. Umqondo wakhe ugxile ephusheni. Kusobala ukuthi uyise ufuna ashade ngokushesha uBhekani. Ingani ephusheni umbuze kaningi ebuza umbuzo owodwa: 'Namanje awukafuni ukuganwa? Namanje awukafuni ukuthatha umfazi?' Uma ekhumbula kahle uBhekani sengathi uphendulile kodwa uyise wahwaqa, ekhombisa ukuthi impendulo ayimgculisi. 10

'Cha, kuzofuneka ngiganwe.' Ukhuluma yedwa njalo uBhekani. 'Kodwa ngizoshada nobani?' Wayezibuza lo mbuzo, impendulo wagcina engayitholanga. Umqondo wakhe wazulazula ethatha ebeka izintombi asake athandana nazo. Wayethi uma ezifaka esikalweni, ezihlolisisa zonke zingafaneli ukumgana. 15

Bayanda manje abantu lapha okumelwe khona amatekisi. Nakhu sekufika intokazi ima eduze kukaBhekani. Athikaziseke emicabangweni yakhe. Abuke le ntokazi. Inhle. Imhlophe qwa.

Izinwele lezi zilungiswe ngobunono obukhulu. Zihle, zihlangene zikanywe kahle. Athi uma eyibhekisisa abone ubuhwanqa obuphuphuzelayo obucishe busikaze 20 izihlathi. Kanti zinjani zona izihlathi! Ungafunga uthi azigcotshwa kodwa ziyapholishwa.
Ezwe sengathi uyathatheka uBhekani yile ntokazi.

- 2.1 Yisho iphupho elaphushwa nguBhekani ngalobu busuku. (1)
- 2.2 Ngubani OMUNYE owayehlushwa yileli phupho? (1)
- 2.3 Kwakuyini inkinga kaBhekani ngokwalesi siqeshana? (2)
- 2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Ngokwalesi siqeshana lesi simo sokukhuluma esithi, 'Akawanaki vele amaphupho, futhi akafuni nazincazelo zawo kodwa leli lanamuhla **linomkhuba phakathi**', sisho ukuthi iphupho ...
- A elingakholakali.
B elethusayo.
C elibhedayo.
D elikhulumayo. (1)
- 2.5 Tomula umusho esiqeshini osikhombisa ukuthi wayenolaka ubaba kaBhekani. (2)
- 2.6 Yini eyenza amehlo kaBhekani athatheke yile ntokazi ayeqala ukuyibona? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.7 Wayeyaphi uBhekani njengoba ayelinde izinto zokuhamba? (1)
- 2.8 Ukuhlangana kukaBhekani nale ntokazi kwamdalela izinkinga eziningi empilweni yakhe. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.9 Xoxa ngengwijikhwebu etholakala kule ndaba ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.10 Kwaba namphumela muni ukufika kukaBhatomu eNyawushane? (2)
- 2.11 Ngokubona kwakho iyiphi intombi eyabe ifanele uBhekani kulezi ake athandana nazo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

KANYE

ISIQESHANA D

Kulukhuni nokuthola umfundisi manje. Lona wendawo uthi akakaze ambone nakanye uTholi esontweni. Umfundisi uthi uwazi kahle onke amakholwa akhe kule mijondolo yaseNyawushane. Inkinga ayikho kuBheki. Bebesonta nonina. Kuze kuzanywe umfundisi wakwelinye ibandla. Naye ufuna abazali balaba abazoshada kuqala. Uma etshelwa leyo uTholi, uthi bazommela oZenze. Akhumbule amadlozi 5
ashiwo unina kaBheki. Ekugcineni umfundisi aze ahawukele yena uBheki. Atholakale kanjalo-ke umfundisi nesonto okuzobhaliselwa kulo.

Usuku lomshado wawungathi kushada inkosi. **Kugcwele kuthe swi izimoto** egcekeni. UBheki ungathi uyaphupha. Uma elokhu eqalaza uyababona abantu abaziyo. Usebona noLindiwe egone ingane. Ethembe ukuthi uLindiwe ngeke 10
amsusele umsindo sekubhaliswa.

'Kanti oTholi babanjwe yini?' UBheki obuzayo. Akabonakali phela umakoti manje. Acabange uPamella uBheki. Kokunye nguye nje oselibazise uTholi. Bagcwele manje abantu umakoti akabonwa. Aqalaze futhi uBheki.

'Ubani-ke lo baba ohamba ethetha laphaya Sifiso?' 15
'Sengathi ubaba kaTholi impela loya. Konje nathi wavuma ukuba uTholi azoshada nawe futhi?'

'Nginyaqala ukumbona mina Sifiso. Umuntu obehla enyuka namalobolo yilo baba okuthiwa uZenze.'

Athule uSifiso. Kubonakale ukuthi kukhona okungamenelisi kahle. 20

- 2.12 UTholakele wayethi yini emhlanganisa noZenze? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.13 Yagcina ixazululeke kanjani inkinga yomfundisi ozoshadisa uTholakele noBhekani kulesi siqeshana? (2)
- 2.14 Ngokukamama kaBhekani yini eyayizokwenziwa ngamadlozi akubo kaBhekani ukuvimba umshado? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.15 Chaza inkinga ayezobhekana nayo uTholi uma umfundisi ethi udinga abazali bakhe. (2)
- 2.16 Nikeza amaphuzu AMATHATHU afakazela ukuthi le ndaba inesingeniso esifanele. (3)
- 2.17 Phawula ngomyalezo owedluliswa umbhali wale ndaba kubafundi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.18 Ngokucabanga kwakho ngabe yisiphi isizathu sikaTholakele sokufuna ukushada noBhekani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO**UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

(Ikhansela uDuma lihamba okhalweni, liphethe umbhobho limemezela ngomhlangano.)

DUMA: Umhlangano womphakathi! Umhlangano womphakathi, ngoMgqibelo mhla ka-6 kuyo le nyanga! Wozani esikoleni eNdabuzekwayo ngehora lokuqala emini! *(awuphindaphinde umyalezo)* 5

(Khona manjalo kuqhamuke induna uDlamini.)

DLAMINI: *(ngokuthukuthela)* Hheyi! Hheyi wena, njengoba uklabalasa, **uklewula** nje, ngabe uyicelile imvume kuNdabezitha?

DUMA: *(akhulume ngombhobho. Uyachitha ngesandla sokhohlo)* Maye! Yimihlola yini? Ngicelile? Ngiceleni mina? Kanti mina ngakhethelwani? Kanti yini umsebenzi wekhansela? 10

DLAMINI: *(intukuthelo iyenyuka uze akhombe ngenduku)* Hheyi! Hheyi wena Duma ndini! Kanti ngubani inkosi yale ndawo? Akukhona elokishini lapha. Hamba uyokwenza intando yeningi ekhweni lakho kwaMashu, hhayi lapha! Thina sinenkosi esiphethe lapha. 15

DUMA: *(ayeke ukukhuluma ngombhobho kodwa nakuye yenyukele intukuthelo)* We Dlamini! Mina ngakhethwa ngabantu! Abantu seabkhuluma! Wena **usaququbele ehlathini lokungazi!** Ngiyeke ngenze umsebenzi wami mina. Abantu bafuna intuthuko. Khohlwa nduna!

DLAMINI: *(uthukuthela uyabila. Ukhomba uDuma ngenduku.)* Uthini? Uthi ngikhohlwe? Wena awuzikhohliwe usuyinkosi! Empeleni ngubani inkosi lapha? Nguwe? 20

DUMA: *(achithe izandla)* Angazi! Lokho okuthandayo! *(akhulume embhojeni ebe eqhubeka nokuhamba)* Umhlangano womphakathi! Wozani nizokuzwa ngentuthuko! *(aze ayosithela)* 25

DLAMINI: *(eya ngalapho kusithela ngakhona uDuma. Naye uyamemeza)* Uyadakwa! Uyadakwa, akukho mhlangano ozohlangana lapha! *(asithela naye).*

3.1 Bhala umyalezo ayelokhu ewuphindaphinda uDuma. (1)

3.2 Wawubizelwani lo mhlangano? (1)

- 3.3 Wayengowaphi ngokuzalwa uMaShezi? (1)
- 3.4 Empeleni ngubani inkosi yale ndawo? (1)
- 3.5 Chaza kafishane ukuthi yini eyayicasula uDlamini ngesenzo sikaDuma. (2)
- 3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Lesi simo sokukhuluma esithi, '**Usaququbele ehlathini lokungazi**' sisho ...
- A ukucasha ehlathini.
B ukungakhanyiseleki.
C ukuyotheza izinkuni.
D ukuhamba ehlathini. (1)
- 3.7 Ngaphandle kukaDuma, ngobani abanye ababekholelwa wukuthi amakhosi asephelelwe yisikhathi? Bhala amagama abantu ABABILI. (2)
- 3.8 Hlobo luni lwesifengo oluqokethwe umusho olandelayo?
Hheyi wena, njengoba uklabalasa, **uklewula** nje, ngabe uyicelile imvume kuNdabezitha? (2)
- 3.9 Chaza kafishane ukuthi washona kanjani uDlamini. (2)
- 3.10 Yisiphi isigameko esenzeka ngosuku lomhlangano esaholela ekuboshweni kukaDlamini? (2)
- 3.11 Bhala uvuthondaba olutholakala kulo mdlalo. (2)
- 3.12 Ngubani umlingiswa ongumqhathi kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

KANYE**ISIQESHANA F**

(Emzini wenkosi ekuseni, uShandu ubukeka ebuthakathaka. Isandla sokudla asisuki esifubeni. Ulokhu ehlinahlina. UMaNgema naye ukhona lapho endlini yokuphumula)

MANGEMA: *(Ngokukhathazeka. Namehlo acwebe izinyembezi)* Baba, uma sekunje mina ngiyadideka.

SHANDU: *(ngokukhathazeka)* MaNgema ukhathazeke ngakhona mkami. Okusho 5 ukuthi uMbandlwa ubulawe ngabantu abazwelana nami.

MANGEMA: *(ngokukhathazeka)* Akungatshazwa lokho baba. Okubi nje ngukuthi abantu bazothi ubulewe nguDlamini ngoba nguye osenecala lokumshaya.

SHANDU:	<i>(usakhathazekile. Sengathi namandla ayamphelela)</i> Bangadlali ngoDlamini ngoba bengamzali. Akekho umuntu ongathi esabhekene necala elibi kanje legazi futhi eseke wathola nesexwayiso samaphoyisa, abuye enze into enje.	10
MANGEMA:	<i>(amehlo akhe azidedele izinyembezi. Ahoshe iduku azesule)</i> Baba, ngabe kade efikile lapha uDlamini. Mina ngisola sengathi uyesaba. Uyabona baba, cishe usevalelekile. <i>(athule kancane)</i> Kunganjani baba uthumele onogada ababili bahambe ngemoto bayombheka.	15
SHANDU:	<i>(ahline kakhulu)</i> Uqinisile MaNgema. Ngicela ubacele onogada. Mina sengiyesaba. <i>(Aphume uMaNgema.)</i>	20
SHANDU:	<i>(asale yedwa elokhu ethintathinta esifubeni. Ukuhlina kwakhe kwenyukele. Kubonakale izindebe zinyakaza sengathi uzama ukukhuluma kodwa izinhlamvu zamagama zingezwakali. Kubonakale izinyembezi zehla ziyowela esifubeni.)</i>	
MANGEMA:	<i>(angene egulukudela endlini. Izandla uzithwele ekhanda useyakhala)</i> Baba! Baba! Nampa abantu bethi uDlamini nomndeni wakhe sebengumlotha! Hawu! Hawu Nkosi yami!	25

- 3.13 Kwaba namthelela muni ukushona kukaDlamini empilweni yenkosi? (2)
- 3.14 Uvezwe njengomlingiswa onjani uMfundisi uMazongolo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.15 Ucabanga ukuthi kwakuzoba namuphi umphumela ukungaxolelani kukaDuma noShandu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.16 Yayiqukethe umyalezo othini incwadi eyabhalwa yinkosi uShandu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.17 Ukuba wena wawunikwe ithuba lokweluleka uDuma wawuyomeluleka uthini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.18 Ukufika kombuso wentando yeningi kwaba nomphumela omuhle nomubi emphakathini wale ndawo. Sekela lesi sitatimende ngalokho okwenzeka emdlalweni. (2)
- 3.19 Ngokucabanga kwakho sisekhona yini isidingo sokuthi amakhosi abuse/aphathe izindawo zasemakhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

UMBUZO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

(Kusemini uThenjiwe ulethele ubabezala ukudla. Kukhona noMaMbatha.)

MAMBATHA: Usuphakile njalo makoti? Ngikuthandela lokho nje mntanami.

THENJIWE: Ngibone isikhathi sesihambile ubaba engakadli.

MAMBATHA: Nakhu ukudla baba phakama udle.

THENJIWE: Angazi mama noma senayikhuluma yini indaba yami? 5

MAMBATHA: *(Kuthuleke)* Konje yiluphi–ke lolo daba?

ZUNGU: Kodwa ngiyosala ngibe yini uma usuhambile makoti? Buka nje ukudla kwakho kumnandi ngendlela eyisimanga. Ngikuzwa ngephunga.

THENJIWE: Ngiyabonga baba.

MAMBATHA: Angiboni ukuthi njengoba uyihlo edla nje kungabe sekukhulunywa izindaba futhi. Siningi kabi isikhathi sokukhuluma izindaba makoti. 10

ZUNGU: *(Athi ukuma angadli)* Cha koti ungakhuluma nje, nami angikadli manje.

MAMBATHA: Kahle wena Manzini. Dlana ukudla kuzoze kuphole. Kade nesisu ngisizwa sikhala sibika iphango. Umakoti uthe **ujahe umdaka linile yini?** 15

THENJIWE: Cha mama ngicela le ndaba ikhulunywe manje iphele. Ngifuna ukuhlala sengazi ukuthi isimo sami sinjani. *(Kungene uDumisani)*

ZUNGU: Hawu ndodana ngabe usuhamba njalo?

DUMISANI: Cha baba angihambi *(aqalaze)*. Sawubona makoti. Sengathi awuphathekile nje kahle namuhla? 20

MAMBATHA: Uwena ogada abaphatheke kabi lapha ekhaya? Angithi ize iphatheke kabi nje le ngane ubuwula bakho.

THENJIWE: Ngithi ake ngizwe ukuthi indaba yami iphela kuphi. Ngenye indlela ngicela ukudedelwa ngibuyele ekhaya. Isicelo nje lesi engisenzayo. 25

MAMBATHA: Unekhanda elilukhuni umthetho wakho makoti. Sakutshela kahle ukuthi isiko elizophetha udaba lwakho. Asinayo inkinga thina, ukhona umfana lapha ekhaya. Nangu. *(Asho akhombe uDumisani)*

- 4.1 UMaMbatha uthi yini eyenza athande uThenjiwe? (1)
- 4.2 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenze uThenjiwe weza kubazali bakaDumisani kulesi siqeshana. (2)
- 4.3 UDumisani kumele ayephi njengoba ubaba wakhe embuza ukuthi useyahamba yini? (1)
- 4.4 UMaMbatha unaso isixazululo sale nkinga kaThenjiwe. Uthi yini engaba yisixazululo? (1)
- 4.5 Chaza ubuwula obenziwa uDumisani athi uMaMbatha yibo obenza uThenjiwe afune ukugoduka. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 4.6 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uMaMbatha uvimba uManzini ukuthi alalele ukuthi uThenjiwe uthini. (2)
- 4.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Lesi simo sokukhuluma esithi, 'Umakoti uthe **ujahe umdaka linile yini?**' sisho ukuthi ...
- A ukhuluma kakhulu.
B ungcole kakhulu.
C ushesha kakhulu.
D ulambe kakhulu. (1)
- 4.8 Bhala uhlobo lwesifenqo olutholakala emshweni olandelayo:
- Kade nesisu ngisizwa **sikhala sibika iphango.** (2)
- 4.9 Bhala iphuzu ELILODWA elikulesi siqeshana elikhomba ukuthi uThenjiwe ungumakoti wesimanjemanje. (2)
- 4.10 Ngubani umlingiswa ongumlamuli kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 4.11 Kwaba namthelela muni ukuthi uDumisani avume ukungena uThenjiwe? Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

ISIQESHANA H

(UThenjiwe uzobona uSipho ejele bayaxoxa.)

SIPHO: Kodwa uthe uyaphi ekhaya?

THENJIWE: Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe. Kodwa uhleli kanjani lapha?

SIPHO: Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. 5
(Zicwebe izinyembezi) Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje.

THENJIWE: Ngiyakuzwela Sipho. Icala lakho kuthiwa yini ngempela?

SIPHO: Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani.

THENJIWE: Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu. 10

SIPHO: Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi.

THENJIWE: Awusasho ngani ukuthi abangibize?

SIPHO: Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo. 15

THENJIWE: Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani futhi.

SIPHO: Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene.

THENJIWE: Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza. Kwenzelwa ukuba ngigane uDumisani?

SIPHO: Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela 20
shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele.

THENJIWE: Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina ngimenzakalisile.

SIPHO: Uthanda ngidilikelwe yijele? 25

THENJIWE: Cha. Uyazi inhliziyoyami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza.

SIPHO: Gana uDumisani phela.

THENJIWE: Sengicabanga ukuvele ngimbulale uDumisani Sipho. Awuqali ukungifikela lo mqondo. 30

SIPHO: Cha! Cha! Cha! Ungalokothi. Ufuna ukuzozwa lolu sizi engiluzwayo. Ngeke ulumele.

- 4.12 Kwaba yini isiphetho sempilo kaSipho? (2)
- 4.13 Chaza ukuthi kwakwenziwa yini uSipho angabi naye ufakazi ngesikhathi kuthethwa icala. (2)
- 4.14 Wasinda kanjani uDumisani ukuthi angaliphuzi itiye elalinoshevu/ubuthi ayelenzelwe nguThenjiwe? (2)
- 4.15 Yisiphi isifundo esitholakala kulo mdlalo? Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.16 UGugu ungumngani kaThenjiwe weqiniso. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.17 Ukuba wena wawunikwe ithuba lokweluleka uThenjiwe wawuyomeluleka uthini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.18 Ngokucabanga kwakho yini eyayenza kube nzima kuMaMkhize ukusiza uThenjiwe ukuxazulula inkinga ayebhekene nayo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 5.1 NOMBUSO 5.2.

UMBUZO 5**5.1 'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

'Yini? Ubaleka kangaka nje uxoshwa yini?' Aqalaze uSihawu, kodwa angaboni ngisho kwani okuyilandelayo. Athi lapho eyibheka, athole ukuthi yinhle ngendlela angakaze ayibone. Madoda! Imisebenzi kaSomandla iyamangalisa! Ingezindoni nje ezigcinelwe izinyoni, pho ibekwa yini lapha? Njengoba iyinhle kangaka, lobu buhle bayo bugcinelwe bani? Iyakhala, sekumanzi isifuba. Athi lapho esayibambile, igxume izame ukudlubulundela. Imizimba yabo ithintane lapho eyinkonkoshela, evimba ukuthi ingamphunyuki. Yize ikhala ungafunga uthi iyamamatheka. Aze ayinqobe uSihawu.	5
Yena uSihawu kungahle kwenzeka aze afe engabizwanga ngangane. Abhokelwe yintukuthelo – nenkanuko. Kuthule kuthe cwaka manje lapha ehlathini okomzuzwana. Nansi intombazane enhle ngendlela emangalisayo; nansi inkanuko; nansi nempi elwayo ngaphakathi enhliziyweni yakhe. Ilwisana nenkulumo kadokotela ekuseni. Inkanuko nentukuthelo kumnqobe uSihawu. Iyazikhalela intombazane: 'Hawu, kanti Nkosi yami, ngabe ngenzani? Ngoneni phambi kwakho? Hi-hi! Kodwa khona ngazalwa neshwa, sekungaze kungiphinde?'	10
Ibuye ingqondo kuSihawu. Kodwa ngempela le ngane yabantu yenzeni? Kanti kuliqiniso ukuthi umuntu wesilisa uyafana nenja? Leli hlazo asezifake kulona? Khona manje lisu lini elingamkhipha kula manyala? Ukuba nje ubezinikeze ithuba lokulalela umcabango wesibili, ngaphambi kokulalela inkanuko nentukuthelo! Asukume azilungise ngokushesha, abe esesiza intombazane.	15
'Dadewethu, thula, musa ukubalisa kangaka. Thula kancane ungilalele.'	20

- 5.1.1 Ngubani igama lale ntombazane ekhalayo akhuluma nayo uSihawu? (1)
- 5.1.2 Uphumaphi uSihawu njengoba ehamba ehlathini? (1)
- 5.1.3 Chaza ukuthi yini eyayithukuthelise uSihawu ngokwalesi siqephu. (2)

- 5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Intombazane yayihlala eNdiyeni ...
- A KwaMaqhoboza.
B KwaMaqhilika.
C KwaMaqhamuka.
D KwaMaqhozoma. (1)
- 5.1.5 Wawuthini umlayezo owashiywa ngubaba kaSihawu ngaphambi kokuthi ashone? (2)
- 5.1.6 Le ndatshana yenzeka endaweni yasemakhaya. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 5.1.7 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi le ntombazane ayiqali ukudlwengulwa. (2)
- 5.1.8 Kwaba namthelela muni ukuganwa kukaSihawu empilweni yakhe? (2)
- 5.1.9 Ukuba wawuyile ntombazane eyadlwengulwa nguSihawu wawuyokwenzenjani uma ufika ekhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uSihawu wayengabatholi abantwana? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

5.2 'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA J

Ukusa kwabonwa nguye umfo kaMnyandu. Nguye lowaya ngekhumbi, esephikelele kubo kaRebecca.

Esefikile egcekeni lakubo kaRebecca uRoy wamisa ikhumbi. Wehlika kuyo lapha ehlangabezana khona nomama wakhona naye owayelungiselela ukushanyela egcekeni phandle. 5

Wazibika uRoy kulo mama ukuthi ubecela ukubona uRebecca.

'Ube uliqhamukisa kuphi kodwa wena ndodana?' kubuza uMaMkhwani.

'Ngiliqhamukisa khona lapha eMlazi kwa-J.' kuphendula uRoy.

'Pho, uRebecca lona nazana kuphi naye?'

'Sabonana nje naye khona lapha ezimotweni engangoba ngaze 10 ngamnikeza nenye impahla yami ukuba aye kongihlanzela yona elondolo. Angithi usebenza khona elondolo?'

'Yebo-bo, khona kwakunjalo,' kuphendula uMaMkhwani ngokungabaza eqhubeka ebuza ethi, 'Konje uthi benibonana kuphi naye?'

'Kuthangi, ngoLwesihlanu. Ma.'	15
'Wewu, inkinga-ke leyo Ndodana ongitshela yona. Okokuqala nje ngizocela ukwazi ukuthi ngase kube usujahe kakhulu yini Ndodana.'	
'Qha, khona bengingajahile kangako ngoba yiSonto namhlanjena, nami kangisebenzi.'	
'Ngizocela ukuba ungimele kancane ukuze ngithi ukugqoka izingutshana ezingcono kunalezi zokuvuka ekuseni, ebese ngiya kokukhombisa lapho uRebecca ekhona.'	20
Nangempela uMaMkhwani wangena endlini eya kokhumula lezi zingubo ezinde abe ezigqokile. Waphuma esegqoke izingubo zasemini. Wathi makashaye imoto bahambe. Wamkhombisa nomgwaqo ababezohamba ngawo.	25

- 5.2.1 Wabe enza msebenzi muni uRoy? (1)
- 5.2.2 Kungani uRoy anikeza uRebecca impahla yakhe? (2)
- 5.2.3 Yini eyabe ijabulisa uRoy uma ezwa ukuthi akulotsholwa kubo kaRebecca? (1)
- 5.2.4 Tomula ibinzana lamagama elisitshela ukuthi uRoy noMaMkhwani abahambanga ngezinyawo ukuya lapho okwakukhona khona uRebecca. (2)
- 5.2.5 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 5.2.6 Xoxa ngovuthondaba olutholakala kule ndatshana ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 5.2.7 Isiphetho sale ndatshana sisishiya nemibuzo ethile. Bhala leyo mibuzo ibe MIBILI. (2)
- 5.2.8 Ukuba wawungumama kaRoy wawungameluleka uthini mayelana nemali ayeyinikwe nguRebecca? Sekela umbono wakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala****UMBUZO 6**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 6.1 NOMBUSO 6.2.

6.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngingoweliba – NL Luthuli

- | | |
|----|---|
| 1 | Umzimba wam' uhlukeno nomphefumulo. |
| 2 | Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini |
| 3 | La owadabuka khona. |
| 4 | Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba. |
| 5 | Umzimba kuphel' onesabelo, |
| 6 | Ngob' ungoweliba. |
| 7 | Nendodana kaSomandla |
| 8 | Yaba ngeyethuna. |
| 9 | NgoLwesithathu yalinqob' iliba, |
| 10 | Yavuka kwabaleleyo. |
| 11 | Pho mina bengingahlala kanjani |
| 12 | Ngingabi ngoweliba na? |
| 13 | Um' indodana yoMunt' ingakabuyi, |
| 14 | Ngiyoba ngoweliba njalo. |
| 15 | Ngiyazi bayokhala balile, |
| 16 | Bathi balahlekelwe, |
| 17 | Bayosho baze bafakazelane |
| 18 | Ngent' eyodwa; |
| 19 | Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami. |
| 20 | Keph' engikwaziyo kunye, |
| 21 | Mina nabo singabeliba. |

- 6.1.1 Ngokusho kwembongi esigabeni soku-1, yimuphi umehluko phakathi komzimba nomphefumulo mayelana nomhlaba? (2)
- 6.1.2 Ubani le ndodana kaSomandla okukhulunywa ngayo kule nkondlo? (1)
- 6.1.3 Bhala igama elisenkondlweni elisho okufanayo nelithi ingcwaba. (1)
- 6.1.4 Ithini indikimba yale nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.1.5 Bhala umbuzombumbulu otholakala kule nkondlo. (2)
- 6.1.6 Yikuphi okuyokhulula imbongi ukuba ingabe isaba ngoweliba ngokwale nkondlo? (2)
- 6.1.7 Bhala isizathu sembongi sokusibhalela le nkondlo. (2)

6.1.8 Umoya wale nkondlo uyadabukisa. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU ubhekise enkondlweni. (3)

6.1.9 Phawula ngephuzu ELILODWA ngokuqondwe yimbongi ngamazwi athi:

Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami. (2)

KANYE

6.2 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe

1 Ngiyafisa ukuba qotho
2 Ngishumayeke ngobuqotho,
3 Ngibe qotho ezindleleni zami
4 Ulimi lwami lube qotho,
5 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

6 Ngiyafisa ukuba qotho
7 Emisebenzini yami,
8 Nanxa ngikhandleka
9 Imisebenzi yami ibe qotho
10 Iziphambeko zami zisulwe.

11 Ngiyafisa ukuba qotho
12 Kubazali bami
13 Ngihloniphe omdala nomncane
14 Ukuze **ngitshal' imbewu**
15 Yobuqotho esizweni sakithi.

16 Ngiyafisa ukuba qotho
17 Eziphiweni zami enginazo
18 Ukuze ngisebenzise zonke
19 Ngokukhulu ukwethembeka
20 Ukuze ngijabulise abantu.

21 Ngiyafisa ukuba qotho
22 NakuSomandla uqobo!
23 Ngiziveze ngimsulwa kuye
24 Ngikhale kuye angizwe
25 Yen' owazi ngempokophelo yami.

6.2.1 Imbongi ifisa ukuba qotho kuphi esigabeni soku-1? (1)

6.2.2 Hlobo luni lokuxhumana olutholakala emigqeni elandelayo?

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayeke ngobuqotho, (2)

- 6.2.3 Bhala kafishane ngamaphuzu AMATHATHU okushiwo imbongi ngokusobala esigabeni sesi-2. (3)
- 6.2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Lesi simo sokukhuluma esithi, 'Ukuze **ngitshal' imbewu'** sisho ...
- A ukulima.
B ukufundisa.
C ukusebenza.
D ukukhuluma. (1)
- 6.2.5 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza imbongi ifise ukuba qotho eziphiweni zayo. Bhekisa esigabeni sesi-4. (2)
- 6.2.6 Tomula amazwi ayimpindwa kule nkondlo bese usho ukuthi kungani imbongi isebenzise impindwa? (3)
- 6.2.7 Phinda ubhale lo mugga olandelayo, udwebele imisindo eyenza inafamsindo bese usho ukuthi luhlobo luni lwefanamsindo lolu:
Iziphambeko zami zisulwe. (2)
- 6.2.8 Ngokucabanga kwakho kungaba namphumela muni ukungabi qotho olimini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 6.2.9 Kuchazani enkondlweni ukuvuleka kwemigqa esesigabeni sesi-4? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70